S 64 (2) Rec. 9/38 (N°32) PP. 1.

N°32 Government Native School,
RS Ndlovu P.O. Albert Falls. — Natal.

Indexed K 13/16.

AMASIKO EMVELO — NATIVE CUSTOMS. 1/2

UKUZALA — GIVING BIRTH.

KwaZulu, bekuye kuthi ~~of~~ owesifazane nxashane emithi alondolozwe njalo. Ubengavunyelwe ukuphatha imisebenzi enzima — njengokukhuxuzela — nesisu edabula izinkalo kungonakele lutho. Kanjalo ubethi mayeseqala ukusikwa angenisiwe endlini yakhe njengoba usezozala abizelwe abafazi bokumbamba. Lapha endlini sekuzongena abafazi bodwa — izingane qha! Indoda yobelethayo nxashane ikhona ibingalali phansi. Umthetho uthi," ayime ngezinyawo ishabasheke, iphume ingena, ilungise ubala yenzele ukuthi owesifazane loyo angaphuzelwa — asheshelwe — kuphume ingane leyo. Nxashana ephuzelwa uze abesengozini yokukhishelwa ngesandla. Kanjalo indoda ebuthiweyo — kwenzeke ukuthi kuphume impi ebeletha kumbe umfazi wayo esebelethe — bekuye kuthiwe yinhlanhla enkulu leyo. Beka ngoba ubengena lapho endlini eschlome, wavunula waphelela, afika ame nje phambi komfazi wakhe athathe inhlanhla. Maye ubebanayo inhlanhla yesuluphezi lokungagwazwa empini. Nempi ibiba nenhlanhla yakhe.

Owesifazane lona usezohlala lapha endlini esezibini umntwana aze awe inkaba, kadlisi shambe emnyango

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Kanjalo ngosuku lwesithathu usezonikezwa ubulongwe ukuba asinde endlini akhiphe umnyama. Ayike namadoda asezongena endlini azobona umntwana. Kuthi ngosuku lwesikhombisa aqale ukuphatha nemisebenzana endlini. Phela umdlezane lo usenomnyama, indoda akayileki ngesithunzi, nezihlangu zendoda akazithinti ngokuba ezozithela ngomnyama. Nasesibayeni akangeni funa izinkomo zirelelwe isifo sife kumbe zifelwe. Noma kukhona izintelezi ezichelwayo akazicheli yena ngoba usesebumnyameni bobudlezane. Ayike kungaphela izinyanga ezintathu usezoqala ubuntu naye — ahambe yonke indawo, ageze nangezintelezi zokukhipha ubumnyama, angene nasesibayeni — enze konke akuthandayo.

PS/ Owing to the term civilisation of nowadays, its really a pity and a very regretable thing that this primitive but true, foundational, customary act which was practised very conscientiously by all the olden Zulus is now gradually going to rack and ruin. why?

R. Mdlovu
Writer.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.